

# PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



GRAIN SA  
GRAAN SA

UNOVEMBA  
2014

## UNgqongqoshe uvula ihhovisi lakwa- Grain SA eMaclear

Incwadi yeGrain SA  
yabalimi abasakhulayo

Funda Ngaphakathi:

- 04 | Umlilo isisebenzi esihle  
kepha siyinkosi embi
- 09 | Gwema ukumelela  
ngokusebenzisa  
amapre-emergence  
herbicide anamandla
- 10 | Umthelela wepH yomhlabathi  
ekusebenzeni kahle  
kukamanyolo



**UNgqongqoshe uSenzeni Zokwana usika iribhoni ekuvulweni komthetho kwehhovisi leGrain SA eMaclear. Kusukela kwesokunxele: uJannie de Villiers, uVusi Ngesi (weGrain SA Maclear), uLouw Steytler, uKarabo Peele (uSihlalo: Maize Trust) kanye noVictor Mongoato.**

I sinyathelo sikaGrain SA sokusungula abakhiqizi abasha siqhutshekiselwe phambili ngenkathi kuvulwa ihhovisi lesithathu lokuthuthukiswa kwamafama eMpumalanga neKapa endaweni yaseMaclear mhlaka-15 August kulo nyaka. UNgqongqoshe weZolimo, eZokudoba kanye Namahlathi, uMnu. Senzeni Zokwana, naye ubekhona kulo mcimbi.

“Ngiyathokoza uma ngizwa abakhiqizi abamnyama futhi ngibone nezivuno ezikhiqiziwe zona eziqophisana nemikhiqizo yamafama amhlophe ezimakethe. Lolu hlelo lweGrain SA kanye nababambisana nabo lusibonisa indlela yokukhulisa abakhiqizi abahlala isikhathi futho abangaqinisekisa ukuvikeleka kokudla ukuze izingane zethu zidle. Kumele sisheshise

3





## UGOGO JANE UTHI...

**N**genyanga kaNovemba nonke nizobe nisebenza kanzima emasimini enu kuleli langa elishisa likhipha umkhovu etsheni. Onke amalungiselelo asenziwe futhi ngethemba ukuthi wonke umsebenzi wenu onzima uzokwenza onke amaphupho enu okuvuna isilimo esihle nesinenzuzo afezeke.

Kunemisetshezana eminingi okumele yenziwe kahle uma uzimisele ukuvuna isilimo esihle ngonyaka ozayo. Imihlaba yakho kumele ilungiselelwe kahle; kumele uthenge imbewu esezingeni eliphezulu futhi uyitshale ngokwesilinganisano esiyalelwe; uchelele umanyolo ofanele ngendlela efanele; futhi okubaluleke kakhulu ukuthi ube usuqalile ngohlelo lwakho lokulawulwa kokhula. Ukhula luyisona sitha esikhulu kumafama ngoba siqedela izitshalo amanzi, amanyuthriyenti, isikhala kanye nokukhanya ezikudingayo ukuze zikhule kahle. Kulezi zinsuku njengoba kukhona amakhemikhali esimanjemanje, akunasizathu sokuba umfama azithole enokhula emihlabeni yakhe – futhi akunasidingo sokuba uzikhandle ume elangeni ukuze ukhiphe ukhula. Amafama amancane kakhulu angasebenzisa amaknap-sack sprayers, bese kuthi amafama amakhulu kakhulu angasebenzisa amaboom sprayers.

Uma wenza wonke umsebenzi wokuhlela ngendlela efanele, unohlelo oluhle lokulawula ukhula, ungakwazi ukuthatha ikhefana ngesikhathi samaholide kaKhisimuzi. Uma-ke uhlelo lwakho lokulawula ukhula lungeluhle ngeke wathatha ikhefu, kepha uzobe usebenza kanzima!

Akukho okungathatha isikhala sokuzinakekelela wena qobo umsebenzi wakho. Nakanjani kumele ube semasimini nkathi zonke ukuze ukwazi ukubona izinkinga ngaphambi kokuba kwenzeka umonakalo. Kumele uthe mbeke ngazo zonke izikhathi ukuze udle izithelo ezithokozisayo zomsebenzi wakho onzima. Sikufisela inhlamba kule sizini!

# Ukubaluleka kobudlelwane obuhle emndenini

**U**budlelwano bemndenini yibona bokuqala obusifundisa ngothando, ukunakekelana kanye nenhlonipho.

Umndenini ungachazwa “njengeqembu labantu basekhaya enihlobene nabo – ngengazi, umshado noma ukutholwa”.

Umndenini wesimanjemanje uza ngazo zonke izinhlobo zezibumbeko kanye nobukhulu: owesiko, umzali oyedwa, oxubile (imindenini engaphezu kowodwa endlini eyodwa) kanye nabathandanyayo bebulili obufanayo – nje ukubala embadlwana. Akukhathalekile ukuthi umndenini onjani ovela kuwona, kuzoba nezikhathi ezinhle nezimbi.

Ezweni elihle, uma ingane inekelwa futhi ikhuliswa ukuba inakekele abanye, lokhu kuzoholela ekubeni nobudlelwano obuqinile, empilweni yasekhaya neyasemsebenzini.

Ubudlelwano obuhle bubonakala ngalokhu okulandelayo:

- **Ukuxoxisanana okunempumelelo (okuhle)** – amalunga omndenini ayalalela futhi akukhathalele loku okushiwo ngamanye amalunga omndenini.
- **Ukuzibophezela emndenini** – impilo yomndenini ibonakala kungebalulekile kanti nomuntu ucabanga kuqala ngomthelela ozoba kumndenini ngaphambi kokuthatha isinqumo esibalulekile. Amalunga omndenini ayasekelana ngesikhathi sobunzima.
- **Bathokozela ukuchitha isikhathi bebonke** – bahlanganyela izinto ezimnandi bebonke, q.v. ukudla ndawonye, ukuphuma bonke njalo ngempelasonto.
- **Ukuhloniphana** – q.v. yamukela ukuba abantu bahlukile futhi uxazulule izinkinga ngendlela eyamukelekile neyakhayo kunebhidlizayo.

Noma ngabe umndenini nomndenini wehlukile, kodwa kukhona izinto ezifanayo kuyo yonke imindenini ephilayo Khumbula ikhwalithi yobudlelwano ibaluleke ukudlula ukuthi ngubani oyilunga leqembu lomndenini. Ubudlelwano bomndenini ophilile bunika umuntu ukwesekwa, ukugqugquzeleka kanye nozwelo oludingekayo ukuze asebenze njengomuntu ophilile emoyeni.

Siyazi sonke kulokho esesidlule kukho ukuthi **ubudlelwano obuhle namalunga omndenini wakho bubalulekile, kodwa bungaba nzima ngezinye izikhathi.**

Ubudlelwano obungebuhle emindenininku ngaholela ekutheni umuntu angazethembi aze-

nyeze futhi, angathembi abanye abantu, amakhono angemahle okuxoxisana kanye nezinye nje izinkinga.

Lapha eNingizimu Afrika iningi lobudlelwano bemndenini bukhungethwe udlame (ekhaya). Udlame lwasekhaya lungachazwa njengenoma ngesiphi isenzo noma ubungozi olungaholela ekulimaleni emzimbeni, ngokocansi noma engqondweni, noma-ke ukuhlupheka phakathi emndeninini.

Izibonelo zodlame lwasekhaya zifaka kuzo lokhu:

- Ukuhlukumezeka emzimbeni noma ukunukubezwa ngokocansi;
- Ukuhlukumezeka ngokwezimali;
- Ukuhlukumezwa kwamandla;
- Ukulawulwa kwenkambo yomuntu;
- Ukwesatshiswa ngezikhali eziyingozi;
- Ukulandelwa ungazi; kanye
- Nokulinyazwa kwempahla, nokunye.

Enye yezinto eziyinsalelo kakhulu uma kubhekane nodlame lwasekhaya ukukwazi ukuthi uzivikela kanjani nokuthi uzikhulula kanjani na kulobo budlelwano obukulimazayo.

Khuluma nomuntu omethembayo futhi ucabange ngokuthola incwadi yokuvikeleka (*protection order*), yona etholakala esiKhungwini Samaphoyisa esiseduze nawe.

*Protection order*, yona eyaziwa futhi njenge*restraining order* noma *domestic violence interdict*, yincwadi yenkantolo eyalela lowo ohlukumezayo ukuba ayekele ukuhlukumeza futhi ibeka imigomo evimbela umhlukumezi ukuba angasaqhubeki nokuhlukumeza lowo ofake icala. Ibuye iqinisekise ukuthi umhlukumezi uyaqhubeka nokukhokha irenti noma ibhondi, noma-ke aqhubeke nemali yesondlo ukwesikhashana. *Protection order* ivimbela lowo ohlukumezayo ukuba angalutholi nakancane nje usizo kwabanye abantu ukuba aqhubeke nomsebenzi wakhe wokuhlukumeza lowo ofake icala.

Ukuba ngumuntu ophilile emoyeni kusho ukuthi uyakwazi ukubona ukuthi njengalunga leqembu lomndenini, ninonke ninomthelela ekuphileni kahle komunye nomunye.

(Ithathwe ku-: [www.divorcelaws.co.za](http://www.divorcelaws.co.za); [www.familylawclinic.org.za](http://www.familylawclinic.org.za); [www.pamf.org](http://www.pamf.org).)

**I-athikhili ibhalwe nguPetra Nel wakwaPROCARE. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-[petra@procare.co.za](mailto:petra@procare.co.za) noma uxhumane nabakwaPROCARE ku-0861 7762273 noma u-021 873 0532.**



## 1 UNggongqoshe uvula ihhovisi lakwaGrain SA eMaclear

ngalolu hlelo futhi sithole impahla edingekayo ezingeni elifanale umsebenzi.

"IMpumalanga neKapa yindawo ezwenikazi lethu lapho ukukhiqizwa kokudla, ikakhulukazi umbhila kanye namabele kukhule khona. Ukuze sikwazi ukuvikela ukudla lapha ezwen lethu kumele siqinisekise ukuthi iPumalanga neKapa iyakhiqiza. Ukulima kunekusasa. Izimayini zinesiqalo nesiphetho. Izimayini zondla nje kuphela abantu abambalwa, kanti

ukulima kondla isizwe sonke," kusho uZokwana etshela amafama amasha eqile ku-150.

UMnu. Jannie de Villiers, uMphathi weGrain SA, uye wabonga iMaize Trust ngokunikela ngemali ohlelweni lwenhlangano lokuthuthukiswa kwamafama endaweni yaseMpumalanga neKapa kanye neGrain Farmers Development Association (iGFADA) ngokusiza ngezimali ezindlekweni zabakhiqizi zokukhiqiza.

"Abakhiqizi abamnyama banenkinga uma kumele bathole izimali zokubasiza ukukhiqiza ngoba abanazincwadi zomthetho zomhlaba abafuna ukuwulima. Nginxusa kumabhange ukuba anike abakhiqizi abasha embonini yezolimo ithuba nabo," kusho uDe Villiers.

***I-athikhili ibhalwe nguJohan Smit, ilunga leqembu labahleli be-SA Graan/Grain. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyili kujohan@infoworks.biz.***



**Photo 1:** UGrain SA unikele ngomshini wokufothokhophisa nokuprinta esikolweni sasepulazini iJoelshoek ngaphandle kweMaclear. UMphathisikole uConstance Ndakisa (kwesokunxele) kanye nasebenza naye uNobuntu Mthi, bajabula kanye noVusi Ngesi.

**Photo 2:** Ihhovisi laseMaclear linakho konke okudingekayo futhi lihlelekile. UVusi Ngesi (umqondisi wezentuthuko eMaclear) nguyena obekhombisa amahhovisi kuToto Hewu (umgcinimafa weMaize Trust), kwesokunxele emuva, kanye noZolile Duze (weGFADA), futhi noJeffrey Nxiba (weqembu lokufunda laseTembelihle), ngaphambili.

**Photo 3:** UNggongqoshe uZokwana neqembu lamafama angaphansi kwehhovisi laseMaclear emvakokuvulwa kwehhovisi.

# Umlilo isisebenzi esihle kepha siyinkosi embi

Umlilo usiza ukulawula indlela imfuyo edla ngayo kanye nezindawo zemvelo ezihlala izilwane, kepha abantu abaningi babudedengu ngawo. Sinokubona imililo emincane ivutha ingasalawuleki, bese iba nobungozi ngokukhulu nje ukushesha ngoba iphenduka iqubula lona elidala umonakalo omkhulu.

Umlilo uyisimanga sendalo kanye nengxeny ebalulekile yezimpilo zabantu baseNingizimu Afrika abadinga ukushisa kanye namandla awo. Uyingxeny futhi yendalo futhi ebalulekile yokuphathwa kwamahlathi njengoba ama-ekho-sistimu amaningi kudingeka ukuba ashe ukuze ahlale njalo esebenza ngendlela efanele. Kepha imililo yasendle ithunaza izimpilo kanye nokuphila ngoba icekela phansi imihlaba yezi-limo, amadlelo kanye namakhaya. Ubunzima bezimali obulandela lapho bufaka phakathi ukulahluka kwempahla kanye nemisebenzi. Eminye imiphumela ehlala isikhathi eside lapho kube khona nemililo ukugijima kwamanzi okwandayo, izikhukhula kanye nokuguguleka kwemihlabathi.

Imililo yasendle ayihloniphi izakhiwo noma imingcele, ngakho-ke uma kungenazindlela zokuyivimba izoqhubeka njalo njengoba izimo zezulu ziyivumela futhi kunezitshalo ezomile

ezingasha kalula. Lapha eNingizimu Afrika kunamasizini amabili okuvame ngawo le mililo. Lezi yizinyanga ezomile zasehlobo, eNtshonalanga neKapa kanye nezinyanga ezomile zasebusika ezwenikazi lonke. Umlilo unokuqala nje ngokwemvelo wenziwa umbane, kepha ngaphezu kuka-90% wemililo engadingeki udalwa ubudedengu babantu.

Imililo yasendle kudingeka ukuba ilawulwe ngokuhlanganyela nemiphakathi. Ngokomthetho umuntu angathweswa icala uma umlilo awo-khelayo usubaleka. Lapha eNingizimu Afrika Umthetho wango-1998 waMahlathi wasEndle kanye naMahlathi kaZwelonke uthi ukuqala noma ukubaleka komlilo kuyisibopho salowo osebenzisa umhlaba okwenza wonke ongumninimhlaba abophezeleke kuwona. Ubuye ugqugquzele nalabo abangabaninimhlaba bangasese ukuba babe yingxeny yama *Fire Protection Association* (ama-FPA's) asendaweni.

Abaninimhlaba yibona abavamise ukubona imililo yasendle. Kumele basheshe baxwayise umphakathi wasendaweni kanye nabezomthetho. Inhlango yaseNingizimu Afrika i-*Working for Fire* ithi bonke abahlali banesibophezelo ekunqandweni kwemililo yasendle.

- Awuvumelekile ukuqala umlilo wasendle.
- Imililo yokupheka noma yokosa kumele

yokhelwe nje kuphela endaweni enqunyelwe ukwenza lokho.

- Wonke umninimhlaba kumele abe nemishini efanele ukulwisana nemililo yasendle.
- Wonke umninimhlaba kumele abe nabantu abangalwisana nemililo yasendle.
- Wonke umninimhlaba kumele abe nezindawo ezibalelwe izikhathi zemililo.
- Akunazindawo ezibalelwe umlilo noma ukushisa okulalulwayo okuvumelekile uma ubungozi bemililo buphezulu kakhulu.
- Kuyisibopho somninimhlaba ukuphatha kahle imithwalo engase isize ukokhela imililo (isib. utshani osebukhule ngokweqile kanye nezitshalo ezifohlayo) ngokususa izimila ezingasizo zendawo.

## Izindawo ezibalelwe izikhathi zemililo

Isihloko sezindawo ezibalelwe umlilo sidingadwa mihla yonke kungenakuvumelana okutheni ngoba kuthiwa iningi lemililo yasendle liyimiphumela yokokhela umlilo kuzo zona lezi zindawo ezabalelwe izikhathi zemilo ngenhloso yokuba zilawule futhi zigcine imililo lena ingasabalali. Umthetho uthi:

- Isakhiwo ngasinye kumele sibe nendawo eyabelwe ukunqanda ukusabalala komlilo.
- Izindawo lezi ezabelwe imililo kumele





## UKULAWULWA KOMLILO

zishiswe ukuze zinqande ukusabalala kwemililo yasendle.

- Izindawo ezabelwe imililo kumele zibe banzi ngokwanele ukuze zilawule ukusabalala komlilo.
- Akumele zishiswe ngesikhathi esinobungozi kakhulu, isib. 1) amazinga okushisa aphezulu kakhulu futhi ome ngokwedlulele kanye 2) nezimo ezinomoya.

### Ngabe yini izibopho mayelana nokulawulwa kwemililo?

- Akunamninimhlaba ovumeleke ukuyekela imililo yasendle isabalale nje emhlabeni wakhe.
- Uma umninimhlaba ebona umlilo, kumele abikele omakhelwane kanye ne-FPA eseduze.
- Akunamninimhlaba ovumelekile ukwenqaba ukulwisana nomlilo uma kucelwa ukuba asize.
- Akunamninimhlaba ovumelekile ukumelana noma ukuvimbela lowo olwisana nemililo yasendle.

- Wonke umninimhlaba kumele abe nohlole lokuphatha umlilo emhlabeni wakhe. Nalabo abaqasha imihlaba nabo kanjalo.
- Izindleko zokushisa indawo eyabelwe umlilo kumele zabiwe ngokulingana komakhelwane bona okumele bashise leyo ndawo.

### Yini uHlelo lokuLawulwa koMlilo?

- Izakhiwo kumele zibe nezindawo ezibalelwe umlilo emingceleni yazo ngisho nezindawo ezingasemigwaqeni yomphakathi imbala.
- Kumele kubhekwe ubungozi kanye nokulimala ezindaweni ezehlukeme zesakhowo.
- Kumele kubhekwe izindawo ezifanele ukubalela imililo.
- Inethebula lesikhathi lokokhela imililo elawulwayo nokushisa izindawo ezibalelwe imililo.
- Uma umninimhlaba enolwazi lobungozi bomlilo endaweni yakhe, kumele abhekane nabo noma aqwashise umakhelwane noma lowo okuyicala lakhe ngalobo bungozi. Uma umakhelwane engahambosani naye, udaba lolu lungabikwa ku-FPA yasendaweni bese

lubikwa nassemaphoyiseni ngoba phela lesenzo ngesobulelesi.

Ukuphathwa komlilo kuzo yinto ebaluleke kakhulu ikakhulu eminyakeni ezayo njengoba siqhubeka ukubhekana nezimo zezulu ezishintshayo kanye namazinga akhuphukayo okushisa. Kucatshangwa ukuthi amazinga okushisa angakhuphuka ngo-3°C - 5°C ngokuphela kwekhulu leminyaka. Isomiso eside silindelekile ukuba sizoba yinhlayenza onyakeni kona okukhuphula ubungozi bemililo. Kubalulekile ukuba amafama kanye nabaninimhlaba bazifundise bona nabasebenzi babo ngokuphathwa komlilo wasendle kanye nokuqinisekisa ukuthi banayo yonke impahla edingekayo ukulwisana nemililo ngendlela efanele. 🌱

**I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-jenjonmat@gmail.com.**



## Pula Imvula's Quote of the Month

*"The harder I work the luckier I get."*

~ Gary Player



# Izinhlamvu eziyizindumba ziletha inani elihle ekujikelezisweni kwesilimo sakho

**E**zindaweni eziningi zokulima ezisathuthuka lapha eNingizimu Afrika, *imono-cropping* (ukutshala isilimo esisodwa unyaka nonyaka) yiyona ndlela elandelwayo. Kweziningi zalezi zindlela zokulima kutshala ummbila. Ngenxa yokukhiqizwa kakhulu kommbila amafama asathuthuka awasanakanga ukusebenzisa indlela yokujikelezisa isilimo uma ekhiqiza isilimo.

Ngokwenzenjalo izilimo ezisemqoka ezifana nezindumbe zigcine zinganakwa. Kokunye-ke ukushabalala kwembewu yezindumba ngezikhathi zesomiso kanye nokungatholi abadayisi abathembekile bembewu lena sekuholele ekutheni ukukhiqizwa kwale mbewu kwehle.

## **Imono-cropping kanye nobubi bayo**

*Imono-cropping* yindlela yezolimo yokutshala isilimo esisodwa unyaka nonyaka. Ububi be-*mono-cropping* ukuthi iholela ekunqwabelaneni kwezifo kanye nezinambuzane zona eziba nomthelela ekuncipheni kwesivuno. Lokhu kwenziwa ukuthi *imono-cropping* igqugquzela

ukutholakala njalo kwesithombo noma isilwane esihlalwa isilokazane esisidlayo sona esithwala izifo noma izinambuzane ezithile ezinobungozi. Ngokuhamba kwesikhathi, *imono-cropping* idala indawo lapho izifo kanye nezinambuzane ezithile zingakhula khona. Isibonelo yisilo (*Striga asiatica*) yona eyisitshalo esihlala esitshalweni esisidlayo esimila emihlabathini empofu engatheli ezindaweni ezinye zasemaphandleni. Lapho lolu khula ludla izimpande zesitshalo, isib. ummbila, lunganciphisa isivuno sesitshalo sommbila kakhulu. Amafama kumele aqaphele, ukuloku eqhubeka njalo ekhiqiza ummbila kanye nezinye izilimo ezihlalwa yizitshalo ezizidlayo ezifana nama-bele ngoba kukhuphula inani lesilo.

## **Ngabe yini indumba eyinhlamvu?**

Izindumba eziyizinhlamvu ziwuhlobo olukhethekile lwezitshalo ezilinyelwa imbewu yazo yona edliwa ngabantu kanye nezilwane. Izindumba eziyizinhlamvu ezaziwayo zifaka kuzo isoya, izindlube, izindumba kanye nobhontshisi owomile. Into eyenza lezi zindumba zihluke amandla azo okulungisa inayithrojini esemoyeni. Izindumba ziqukethe ibhakhthirya

ehlalisana nenye kumanoduli ezimpande. Lama bhakhthirya anamandla okulungisa inayithrojini esemoyeni, ngale ndlela ke amanoduli aba wumthombi wenayithrojini ezitshalweni zezindumba. Uma izitshalo lezi zibola, emvakwesivuno, yonke inayithrojini eseleyo kuzona ibuyiselwa emhlabathini. Uma isisemhlabathini inayithrojini ishintsha isimo (inayithrethi), yona esetshenziswa yizilimo ezilandelayo.

## **Ukujikeleziswa kwesilimo kanye nezindumba**

Ukujikeleziswa kwesilimo yindlela yokutshala izilimo ezihlukile iminyaka ilandelana ensimini eyodwa. Yinkambiso ehlelelwe iminyaka okungamele yenzeke ingahlelwanga nje ngoba kuvame ukwenzeka. Ukujikeleziswa kwesilimo yindlela ehleliwe esetshenziswa umfama ukulawula izinambuzane kanye nezifo. Le ndlela yokulawula izinambuzane kanye nezifo isebenza kahle uma kutshala izilimo zemindeni ehlukele zijikeleziswa. Umthetho ovamile uthi isilimo sohlobo lotshani olufana nommbila kumele lujikeleziswe nezilimo zomndeni wamaqabunga andlalekile ezifana nobhekilanga, isoya noma izindumba.



**Ummbila (A) uma uqhathaniswa nommbila (B) kumono-cropping otshalwe eplotini yokucwaninga. (Omune umbhali, uMnu. Nemadodzi bekunguye usolwazi walolu cwango.)**



Ngokujikelezisa isilimo esithwalayo kungavinjelwa ukunqwabelana kwezindumbane kanye nezifo endaweni.

Qaphela: Noma ngabe ubhekilanga engowelunga lomndeni wamaqabunga andla-lekile awusiyona indumba.

Izibonelo zezitshalo ongazijikelezisa okubalwa kuzo izindumba eminyakeni emihlanu (ubukhulu besiza sensimi bucishe bulingane).

**Ubuhle bezindumba eziyizinhlamvu kanye nezinhlobonhlobo zezilimo**

Izindumba zinganciphisa ubungozi ekukhizeni. Ezimeni ezinzima isilimo esifana nezindumba siyakwazi ukumelana nesomiso ukudlula ummbila. Sekubonakele ukuthi lesi silimo sithela ngisho nasemhlabathini onamazanga aphantsi okuvunda. (Bona Isithombe 1).

- Ngenxa yamandla azo okulungisa inayithrojini emoyeni, izindumba zinesandla kakhulu ekugcinweni kanye nasekuphuculweni kokuvunda komhlabathi. Ngakho-ke, izinga lokuchelelwa kwenayithrojini ezilimweni zezinhlamvu emjikelezweni lingancishiswa ngaphandle kokuthikameza isivuno.
- Uhlelo lokujikeleziswa kwezilimo okubalwa kulo izindumba lungaholela ekuncipheni kwezifo kanye nezindumbane ezilimweni.
- Izindumba ohlelweni lokujikelezisa ziholela ezimpandeni eziphile kahle esilimweni esilandelayo Ngakho-ke isivuno esihle esilimweni esilandelayo asincikanga kuphela nje kuphela kunayithrojini eyinsalela kepha nakumthelela omuhle wezilimo ezijikeleziswayo ezimpandeni zesilimo esilandelayo.
- Izilimo zingangenisa inzuzo eningi uma sibheka amanani aphezulu empahla. Isibone-

lo, inani lomkhqizo likabhontshisi owomile ngonyaka ka-2013/14 lihamba ko-R12 500/ithani.

- Ukufakwa kwezindumba ohlelweni lokujikeleziswa kwesilimo kusho ukuthi kutshalwa izinhlobo nezinhlobo zezilimo epulazini. Ukutshalwa kwezinhlobonhlobo zezitshalo akunciphisi kuphela ubungozi kepha kusiza ukusabalalisa isidingo sabasebenzi kanye nemishini.

**Izindumba emjikelezisweni – ulwazi a hands on experience**

Kunocwaningo olwenziwe kungekudala eNebobo (indawo eNingizimu neLimpopo ekhizisa ummbila) ukubona umthelela wezindumba ekuphuculeni isivuno sommbila. Kube nemiphumela emihle ukukhombisa ukuthi inayithrojini eshiywe yizindumba emhlabathini ibe nomthelela

*Ithebula 1: Uhlelo 1 – izilimo ezimbili.*

Inombolo yeSiza seNsimi	Isizini yokukhizwa				
	2014/15	2015/16	2016/17	2017/18	2018/19
1	Umbila	Isoya	Umbila	Umbila	Isoya
2	Isoya	Umbila	Umbila	Isoya	Umbila
3	Umbila	Umbila	Isoya	Umbila	Umbila

Qaphela: Ngesizini nesizini isithathu sendawo sabelwa indumba.

*Ithebula 2: Uhlelo 2 – izilimo ezintathu.*

Inombolo yeSiza seNsimi	Isizini yokukhizwa				
	2014/15	2015/16	2016/17	2017/18	2018/19
1	Umbila	Isoya	Umbila	Izindlubu	Umbila
2	Izindlubu	Umbila	Isoya	Umbila	Izindlubu
3	Isoya	Umbila	Izindlubu	Umbila	Isoya

Qaphela: Uma uhlelo lwakho lunhlobonhlobo kudingeka ubuholi obuqotho.

*Ithebula 3: Inayithrojini esalele emvakokuvunwa kwesilimo (isizini ka-2010/2011).*

Isilimo ngesizini edlulile	Iminerali N (kg ihektha <sup>1</sup> )
Indumba	32,4
Izindlubu	39,2
Umbila	18,9

Imiphumela ikhombisa ngokusobala ukuthi izilimo zezindumba zibe nomthelela omuhle kunayithrojini ebitholakala emhlabathini uma kuqhathaniswa namazinga aphantsi enayithrojini (N).



## Izinhlamvu eziyizindumba ziletha inani elihle ekujikelezisweni kwesilimo sakho

**Ithebula 4: Umthelela wokujikelezisa esivunweni sommbila (isizini ka-2011/2012).**

Ukujikelezisa	Isivuno (amathani ihektha <sup>1</sup> )
Umbila emvakwendumba	2,4
Umbila emvakwezindlube	2,9
Umbila emvakombila ( <i>imono-cropping</i> )	0,9

Kusobala ukuthi imijikeleziso yendumba-umbila kanye neyendlube-umbila isebenze kahle ukwedlula ukutshala umbila umbila emvakombila njalo njalo.

Qaphela: Kula masimu izinga elikhulu lesona libe nomthelela omubi esivunweni sommbila ohlelweni lwemono-cropping.

omkhulu ekuphuculeni isilimo sommbila esilandelayo ohlelweni lokujikelezisa. Amathebula angezansi anika imininingwane yomthelela wezilimo zezindumba ezimbili ezihlolwe inayithrojini ebe yinsalela (**Ithebula 3**) kanye nesivuno sommbila ojikelezisiwe uma uqhathaniswa nalowo okumono-cropping (**Ithebula 4**).

### Ingcindezi yokukhiqizwa kwezindumba

Noma ngabe izindumba zidlala indima enkulu nebalukile ohlelweni lwesilimo, zinazo izinqinamba uma kuza ekukhiqizeni.

- **Isidingo sezizebenzi:** Ukuvuna izilimo ezifana nezindlube kanye nezindumba umsebenzi omkhulu odinga izisebenzi ezithe ukuba ningana.
- **Ukulawulwa kwezindumbuzane kanye nezifo:** Indumba, isibonelo, yisilimo esihlase-

lwa kakhulu ngama-efidi. Amafama kumele achelele ukuze alawule ama-efidi njalo njalo.

- **Ukuvikeleka kokudla:** Ikhwalithi yendumba ingehla uma kutholakala kukhona ama-*affo-toxin* wona angalungelanga ukudliwa ngabantu. Ukugwema lokhu izinga eliphezulu lokulawula ikhwalithi kanye nobuholi epulazini liyadingeka.
- **Amathuba ezimakethe amancane:** Ezikhatini eziningi ukungakwazi ukungenelela ezimakethe noma ukungabikho kwezimakethe ezisimeme okudayiswa kuzo lezi zilimo (izindumba, ubhontshisi owomile kanye nezindlube) kwenza amafama anqene ukusitshala lesi silimo.
- **Izinhlalo zokudayiswa kwembewu ezingagculisi:** Ezindaweni ezisemaphandleni, ukungatholakali kwembewu kuyinkinga

enkulu evimbela amafama ukukhulisa umkhizizo wabo walezi zilimo.

Ulwazi olungenhla lukuveza kube sobala ukubaluleka kwezindumba ukuba zifakwe ohlelweni lokujikeleziswa kwezilimo. Kuthenjwa ukuthi amafama asafufusa azothatha lezi zeluleko azisebenzise. Izindumba yizilimo okuthi uma zifakwe ohlelweni lwezilimo noma zitshalwe kahle, zikhuphule inzuzo yezilimo eziningi epulazini. Ucwango eminyakeni edlule lukhombisa ukuthi izindumba zinomthelela omuhle esivunweni sesilimo futhi zingasiza ukuqinisekisa ikusasa elihle lokulima. 🌱

**I-athikhili ibhalwe ngu-APN du Toit kanye no-EA Nematodzi, be-ARC-Grain Crops Institute. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyili ku-dutoita@arc.agric.za.**

**Izindumba ziyakwazi ukumelana nezikhathi zesomiso kangcono ukudlulisa umbila.**







# Gwema ukumelela ngokusebenzisa amapre-emergence herbicide anamandla

Izindlela zokuchelela, ukulungiselela imishini yokuchelela kanye nokuhlola futhi ubone ukhula olunyinkinga epulazini lakho, lezi ngezinye zezihloko okukhulunywe ngazo kuma-athikhili adlulile ePula Imvula. Uma ungakakwenzi lokhu osekubaluliwe kuhle ubonane nomdayisi kamanyolo wasendaweni yangakini ukuze akuhlelele uhlelo olukufanele lokuchelela ubhekilanga kanye nesoya yakho masinya nje.

## Amaherbicides

Amaherbicides angachazwa abuye afakwe kumaqembu ngomsebenzi awenzayo, asetshenziselwa kona, umndeni wekhemikhali, indlela lelo khemikhali elisebenza ngayo esitshalweni noma uhlobo lwesitshalo noma ukhula olulawulwayo.

Amacontact herbicides abulala kuphela ithishu yezitshalo ahlangu nayo kumakhemikhali axutshiwe asetshenziswa ngenkathi kuchelelwa. Umthelela ezitshalweni zokhula ezihlosiwe ubonakala masinya emvakokuchelela, kepha wona awubi muhle ezitshalweni zokhula ezimila kumarayizomu, izimpande kanye nezigaxa.

Amasystemic herbicides achelelwa okhuleni oluyinkinga. Ahamba ngaphakathi kwamaqabunga noma ahanjiswa phakathi kwesitshalo kusukela kungxube yesifafazo echelelwe emaqabungeni noma kusukela ezifafazweni ezichelelwe emhlabathini kufikela emaqabungeni. Lo msebenzi walolu hlobo ngamasystemic herbicides uyacotha kunalowo owenziwa amacontact herbicides, kepha uyakwazi ukulawula izitshalo eziphila iminyaka, kanti-ke ungcono kunalowo owenziwa amacontact herbicides.

Kubalulekile ukuhlale njalo ubona ukhula lolo oluyinkinga emihlabeni yakho ukuze ukwazi ukhulelela ukuchelela ngokunembayo.

## Amaherbicides achelelwa emhlabathini

Amakhemikhali achelelwa emhlabathini afafazwa bukhoma emhlabathini bese emuncwa yizimpande kanye/noma isihloko sokukhula sezitshalo zokhula ezimilayo ezihlosiwe. Amaherbicides nawo ahlukani ngezindlela abulala ngazo ukhula. Kungaba ukuthikameza uhlelo lwama-enzayimu esitshalo, amaphrotheni noma ezinye izinhlelo zokuqala zebhayokhemikhali.

Izinhlobo ezivelele zamakhemikhali achelelwa emhlabathini zingasetshenziswa ngezindlela ezintathu ezihlukile.



## Amapre-planting herbicides

Amapre-planting herbicides achelelwa emhlabathini ngaphambi noma ngqo emva kokutshala. Uma kusetshenziswa indlela yokuthila ejwayelekile ingaphezulu lomhlabathi kumele lingabi nakhula kanye nezinsalela zezitshalo, bese ehlanganiswa ngomshini afakwe emhlabathini. Uma kusetshenziswa idisc plough njengoba kwenziwa ngendlela yokuthila ejwayelekile, isibonelo uma kusetshenziswa uhlobo lweherbicide lwe

Kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi amakhemikhali achelelwa emhlabathini ngokushesha emvakokuchelela ukuze kuvinjwe ukubola kwamakhemikhali anamandla ngokuba adalulelangeni noma akhothwe ngumoya.

## Amapre-emergent herbicides

Amapre-emergent herbicides achelelwa emhlabathini ngaphambi kokubela kwesilimo, emvakokutshala, ngokuvimbela ukuhluma noma ukumila kokhula luseluncane.

## Amapost-emergent herbicides

Amapost emergent herbicides achelelwa emvakokuba isilimo sesoya nesikabhekilanga sesivelile emhlabathini emvakokutshala. Kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi amandla amatraki akho okuchelela kanye nempahla kungemboza indawo etshaliwe ngaphambi kokuba isilimo

sivele. Uma kukhona kungaba ukuhlakanipha ukuhlela i-integral spray system esitshalweni sakho noma ulandelise ngeyunithi yokuchelela masinya emvakweyunithi yokutshala. Ngale ndlela ungagwema ukuhlukunyezwa yizimvula ezinkulu ezina phakathi kwesikhathi sokutshala nesokuchelela.

## Izindlela zokuthila okulondayo

Indlela yokuthila okulondayo ifaka izindlela ezimbalwa ezifana nelimited noma iminimum tillage kuye kuno-till lapho isilimo sitshalwa ezinsaleleni zesilimo esedlule ngaphandle kokuthikameza ingaphezulu lomhlabathi ngaphambi komsebenzi wokutshala. Lezi zindlela zilethe obuningi ubuhle obufana nesivuno esiphakeme kanye nokongeka kwamanzi, akudingeki zandla eziningi, ukuthuthuka okuhle kwesimo somhlabathi kanye namazinga aphansi okuguguleka komhlabathi.

## Isiphetho

Kusemqoka kakhulu ukuchelela ipre-emergent weed chemical ngereyithi efanele yokuchelela kanye nesikhathi esifanele. Lokhu kuzogwema ukwakhelana kokumelelana kokhula olulawulwayo noma olumele ukubulalwa ngamakhemikhali kanye nezingxube zezifafazo ezitholalalayo, kungakhathalekile ukuba kusetshenziswa indlela yokuthila ejwayelekile noma leyo elondayo.

**I-athikhili ibhalwe ngumfama osethathwe umhlalaphansi.**

# Umthelela wepH yomhlabathi ekusebenzeni kahle kukamanyolo

Iphutha elivame ukwenziwa ngamafama amaningi ukuthi minyaka yonke bachelele ingxube kanye nenani elithize likamanyolo emhlabathini ngaphandle kokuhlolisisa kuqala ukuthi isitshalo sithola ntoni na emhlabathini nokuthi ngabe yini esiyidingayo. Uma umhlabathi unika isitshalo konke esikudingayo lokho kusho ukuthi sizoba nethuba elihle lokukhiqiza kahle.

Umfama kumele abe nolwazi lokuthi kwenzekani emhlabathini yakhe. Ngakho-ke kumele ahlale njalo ehlola imihlabathi yakhe ukuze abe nolwazi lokwenzeka kuyona. Ilebhu ingakwazi ukubona isakhiwo somhlabathi ibuye inike nezeluleko ngalokho okumele kulungiswe emhlabathini. *pH* yomhlabathi ngenye yezakhi zomhlabathi okumele zihlolwe njalo. *pH* yomhlabathi iqondene ngqo nekhono lomhlabathi ukusebenzisa amanyuthriyenti atholakala emhlabathini. Imihlabathi kuthiwa imuncu uma  $pH < 7$ , inyuthrali uma  $pH = 7$  bese kuthiwa i-alkhalayni uma  $pH > 7$ . Isikalo se *pH* sisuka ku-0 siye ku-14. *pH* enhle ephakathi kuka-5,5 no-7. Amanzi kanye nomanyolo zona zisheshe zishintshe *pH* yomhlabathi. Kepha-ke ne-*organic matter* etholakala emhlabathini nayo inomthelela, isimo yomhlabathi kanye namamicro-organism aphila emhlabathini. Indlela evamile yokushintsha *pH* yomhlabathi kwezolimo kulezi zinsuku ukuchelela ilime yona ekhuphula *pH* noma isalfa. Akujwayelekile, kodwa yona yehlisa *pH* emhlabathini.

## Ngabe yini eyenza imihlabathi ibe muncu?

Imihlabathi ingaba muncu ngokwendalo. Lokhu kungadalwa isakhiwo se-*organic matter* ekuyona, isimo kanye namamicro-organism omhlabathi. Imvula nayo ingaba nomthelela ebumuncwini bomhlabathi. Imihlabathi iba muncu futhi uma sichelela umanyolo noque-the i-amonyamu. I-amonyamu yenziwe yinayithrojini kanye nehayidrojini. I-amonyamu emhlabathini ishintsha ibe yinayithrethi. Uma lokhu kwenzeka kunama-ayoni ama-3 ehayidrojini akhululelwa emhlabathini. Ama-ayoni ehayidrojini anamandla kanti-ke akhululekile ukuba angahlangana nanoma ngeziphizinto ezitholakala emhlabathini. Lokhu-ke kudala ubumuncu emhlabathini. Lama-ayoni ehayidrojini kumele anyuthralayizwe ngokuchelela ilime. Uma kungenziwa loku umhlabathi uyo-hlala umuncu.

Ngokuzwisisa konke loku siyabona ukuthi *pH* yomhlabathi yiyona nto ebaluleke kakhulu ukuba ilungiswe emihlabathini yethu uma sifuna ukuba nesivuno esihle sesilimo. Singachelela umanyolo omningi kangangoba sithanda, kepha uma *pH* yomhlabathi ingalunganga (phakathi kuka-5 no-7) izitshalo zizomunca amanyuthriyenti amancane kulowo manyolo. Sesikwazi loku, kunzinyana ukukholwa ukuthi iningi lamafama likubekela ekugcineni ukulungiswa kobumuncu bomhlabathi ngokufaka ilime. Uma kunokuzwisisa bokuthi ubumuncu bomhlabathi bunomthelela omkhulu

*pH* yomhlabathi kumele ishintshe ekubeni ngeyokugcina ohlwini lwezinto ezibalulekile kumfama kepha kube yiyona yokuqala ngokubaluleka.

“

esivunweni esitholwayo ekugcineni, ngakho-ke nomthelela enzuzweni yesizini kumele amafama agqugquzeleke ukuba aqinisekise ukuthi *pH* yomhlabathi iyalungiswa Angeke sakwazi ukubalekela lesi sibopho ngoba sizitshela ukuba sibalekela izindleko ezinkulu zokulungiswa kwemihlabathi.

Ukulima kuyakhula njalo futhi kuba yibhizinisi elinembayo. Amakhemikhali anembayo, imbewu enembayo, imigqa enembayo, kepha noma kunjalo akusizi ngalutho uma konke kunemba kepha umhlabathi kanye nomanyolo zona zinganembi. Ukuze sikhuphule amandla esilimo kumele siqinisekise ukuthi konke kuyanemba futhi kungabi nalapho sigwegwa khona. *pH* yomhlabathi kumele ishintshe ekubeni sekugcineni ohlwini lomfama lwezinto ezibalulekile kepha ibe ngeyokuqala ngokubaluleka.

**I-athikhili ibhalwe nguGavin Mathews, iBachelor in Environmental Management. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-gavmat@gmail.com.**







# AbakwaGrain SA ba-inthavyuwa... uDaniel Mndebele

**U**Daniel Mndebele ulima ummbila ophuzi kanye nomhlophe, ubhontshisi kashukela kanye namazambane eFerne esifundeni saseMpumalanga. Ngenxa yolwazi kanye namakhono awathole kwa Grain SA, uDaniel uvuna amathani ama-4 ommbila ihektha ngalinye kanti angathanda ukuqhubeka adale amathuba amaningi omsebenzi ukuze aqashe labo abangenamisebenzi.

Ngilima kumahektha ayi-8 omhlaba olimekayo eDumbaton endaweni yaseFerne esesifundeni saseMpumalanga. Ngilima ummbila ophuzi nomhlophe kumahektha ama-4 emhlabathi olimekayo, ihektha eli-1 likabhontshisi kashukela kanye nehektha eli-1 lamazambane.

## Yini ekugququzelayo/ ekunika ugqozi?

Ngithanda ukulima ngoba ngenza imali ngokulima yona engiyisebenzisa ukondla umndeni wami. Ngenkathi ngishiya umsebenzi wami eGoli emiyakeni engama-30 eyedlule ngaqala ukulima. Kusukela ngaleso sikhathi sengikwazi ukuziphilisa futhi nginakekele nomndeni wami.

## Chaza amandla kanye nobuthakathaka bakho

**Amandla:** Nginetraka encane kanye nama-*implements* engiwasebenzisa ukuhlakula imihlaba yami elimekayo. Nginezimbuza ezingama-25 kanye nezinkomo ezingama-30. Nginamakhono okulima njengoba ngiphothule izifundo ezinikezwa ngabakwaGrain SA kanye nabezoMnyango weZolimo. Imihlabathi yethu mihle futhi ijule ngaphezu kuka-1 m.

**Ubuthakathaka:** Asinazo izimakethe lapho singadayisa khona imikhiqizo yethu. Sidayisela abantu basendaweni, ezindaweni lapho kuholwa khona impesheni kanti-ke asidayisi ngamanani amahle. Imishini yokulima esiyisebenzisayo midala futho iphuka njalo. Asinayo imihlaba emikhulu elimekayo kanti futhi asinamali eyanele ukuthenga ama-*input* ngendlela okumele sithenge ngayo. Ngoba singamafama “amancane” izikhungo azizimisele ukusiboleka imali ngisho neyokukhiqiza imbala.

## Besingakanani isivuno sakh ngenkathi uqala ukulima?

### Singakanani isivuno sakh manje?

Bengivuna kusukela kuzikhwama eziyi-18 kuya ku-25 zombila ihektha ngalinye. Manje ngivuna ngaphezu kwamathani ayi-4 ommbila

ihektha ngalinye ngenxa yolwazi kanye namakhono engiwathole kubasebenzi bakwaGrain SA.

## Ucabanga ukuthi ngabe yini ebe nomthelela omkhulu enqubekeleni-phambili kanye nesasa lakho?

Ngicabanga ukuthi eyona yinto ebe nomthelela kakhulu kusasasa lami amakhono engiwafundiswe ngabakwaGrain SA kanye nama-*Extension Officers* oMnyango weZolimo. Sengizijwayeze ukusebenza ngedwa emihlabeni yami elimekayo ngoba abantu engangibaqashe ukuba bangisebenzele babengenzi umsebenzi ngendlela eyayilindelekile. Lokho-ke kwakuholela esivunweni esiphansi kakhulu.

## Ngabe uthole yiphi ingqeqesho kuze kube yimanje? Ungathanda ukuqhubeka uqeqeshelwe ini na?

Ngiphothule izifundo ze-*Introduction to Maize Production*, *iTractor Maintenance* kanye ne-*Basic Engine Repair*. Lezi zifundo bezinikezwa ngabakwa-grain SA. Ngiyinxenye futhi yamaqembu okufunda lapho sifundiswa khona ngezindlela okuyizona zokulima, zona okumele sizilandele nsuku zonke uma silima. Kusamele ngiphothule izifundo ze-*Vegetable Production* njengoba manje senginekhono lokulima izinhlamvu. Ngingathanda futhi ukuphuthula izifundo ze-*Financial Management*.

## Uzibona ukuphi eminyakeni emihlanu ezayo?

### Ungathanda ukuzuzana ntoni na?

Ngifuna ukuzibona ngenza imali eningi ngokulima futhi ngibe netraki kanye nama-*implements* asepulazini asesimeni esihle sokusebenza. Ngingathanda futhi ukuba nemihlaba eminye elimekayo ukuze ngilime futhi ngiqashe nabantu ukuba basebenze epulazini lami. Ngaleyo ndlela ngidale amathuba omsebenzi ngenzela labo abafuna umsebenzi.

## Ngesiphi iseluleko ongasinika amafama amancane asafufusa?

Ngifuna ukubatshelela ukuthi kumele banakekele izilimo zabo uma betshala, ngokuqinisekisa ukuba bayawathatha amasampula emihlabathi ukuze bahlale ukuthi manyolo muni okumele bawusebenzise. Kumele bahlale ukuthi ngabe imihlabathi yabo imuncu noma cha ukuze bachelele ilime uma kutholakala ukuthi imihlabathi yabo imuncu kunokuthi bamose umanyolo bechelela umhlabathi

omuncu. Ngingabaluleka futhi ukuba bakhiphe ukhula emihlabeni yabo elimekayo ngoba ukhula ludla amanyuthriyenti adingwa yizitshalo kona okuholela esivunweni esiphansi kakhulu. Uma kunjalo bazolahlekelwa yimali abayisebenzise ukuthenga ama-*input* naleyo abayisebenzise ukuqasha imishini. Kumele bazibambe mathupga banganciki kubasebenzi uma bafuna umsebenzi wenziwe kahle.

**I-athikhili ibhalwe nguJerry Mthombathi, uMqondisi wezeNtuthuko woHlelo lwakwaGrain SA lokuThuthukiswa kwaMafama. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-jerry@grainsa.co.za.**



**Ithimba labahleli**

**GRAIN SA: BLOEMFONTEIN**

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324  
7 Collins Street, Arboretum  
Bloemfontein  
▶ 08600 47246 ◀  
▶ Fax: 051 430 7574 ◀ www.grainsa.co.za

**UMHLELI OMKHULU**

**Jane McPherson**

▶ 082 854 7171 ◀ jane@grainsa.co.za

**UMHLELI UKWABA**

**Liana Stroebel**

▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

**IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA**

**Infoworks**

▶ 018 468 2716 ◀ www.infoworks.biz



**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**

**IsiZulu,**

IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,  
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

**Uhlelo lweGrain SA LokuThuthukisa amaFama**

**ABAQONDISI BENTUTHUKO**

**Danie van den Berg**

Free State (Bloemfontein)

▶ 071 675 5497 ◀ danie@grainsa.co.za

**Johan Kriel**

Free State (Ladybrand)

▶ 079 497 4294 ◀ johank@grainsa.co.za

▶ Office: 051 924 1099 ◀ Dimakatso Nyambose

**Jerry Mithombothi**

Mpumalanga (Nelspruit)

▶ 084 604 0549 ◀ jerry@grainsa.co.za

▶ Office: 013 755 4575 ◀ Nonhlanhla Sithole

**Naas Gouws**

Mpumalanga (Belfast)

▶ 072 736 7219 ◀ naas@grainsa.co.za

**Jurie Mentz**

KwaZulu-Natal (Vryheid)

▶ 082 354 5749 ◀ jurie@grainsa.co.za

▶ Office: 034 980 1455 ◀ Sydwell Nkosi

**Ian Househam**

Eastern Cape (Kokstad)

▶ 078 791 1004 ◀ ian@grainsa.co.za

▶ Office: 039 727 5749 ◀ Luthando Diko

**Lawrence Luthango**

Eastern Cape (Mthatha)

▶ 076 674 0915 ◀ lawrence@grainsa.co.za

▶ Office: 047 531 0619 ◀ Cwayita Mpotyi

**Liana Stroebel**

Western Cape (Paarl)

▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8057 ◀ Melercia Kotze

**Du Toit van der Westhuizen**

North West (Lichtenburg)

▶ 082 877 6749 ◀ dutoit@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8038 ◀ Lebo Mogatlanyane

**Vusi Ngesi**

Eastern Cape (Maclear)

▶ 079 034 4843 ◀ vusi@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8070 ◀ Sally Constable

# Ibovine trichonomin: UMBULALI NGENAMSINDO

Ihhovisi lokuthuthukiswa kwamafama eBelfast lihlizeka indawo enkulu kakhulu. Amaqembu okufunda asuka koSulphur Springs yona angama-50 km empumalanga nePiet Retief, kuya koDonkerhoek eduze nedamu laseHeysnope, iqembu lase-Sheepmore, iqembu lasePixley ka Seme empumalanga ne-Amersfoort, iqembu lase-Carolina kanye neqembu laseNigel.

Iningi lalezi zindawo linezindawo ezinkulu (2 000 ha kubakwa namadlelo) kanye namahektha angamakhulukhulu omhlaba olimekayo, futhi ilinywa ngokuhlanganyelwa umphakathi.

Izindawo zamadlelo iningi lazo zivulekile. Akunazinkambu kanti futhi zisetshenziswa yinoma ngubani ofunayo.

**Isaveyi/umklamo**

Iningi lalawa maqembu okufunda linamafama angama-80 noma ngaphezulu, kanti njengo-Grain SA sibone ukuthi ukuze sibe nokuzwisisa labo esisebenza nabo, kumele siqoqe yonke imniningwane yabo, yona efana nokuba khona kwama-*implements*, isikhathi sokuba nomhlaba kanye nama-*asethi* (izinkomo, izimvu, izimbuzi, izithuthi).

Kuzo zonke lezi zimo kunenkambiso eyodwa engathokozisi ebonakalayo. Umfama uba mhlawumbe nezinkomo ezingaba yi-15, akunazinkunzi, bese kuba namankonyane ama-3. Iphesenti lamankonyane eliphansi libonakele kuyo yonke indawo ebengihamba kuyona. Izinkomo ezingaba mhlawumbe 50 noma ngaphezulu bezitholakala zinamankonyane angaba ma-5 kuya ku-10.

Uma ngibuyela emuva ekufuyweni kwezinkomo, ngiye ngasheshe ngacabanga nge*Bovine trichomoniasis*. Noma-ke ngingakakwazi ukuthola ubufakazi obutheni, nginesiqiniseko sokuthi lesi sifo sidlala indima enkulu kumaphesenti aphansi okutholakala kwamankonyane. Uma ngiqinisele amafama azolahlekelwa kakhulu ngoba phela ukufuya izinkomo yiyona ndlela enhle kabi yokungenisa inzuzo ebhizinisini. Inkinga ukuthi zonke izimo endaweni ehlanganyelwe umphakathi zifanele ukusabalalisa kanye nokugcineka kwezifo. Lezi zimo zinje:

- **Akunasizini emisiwe yokuzalwa kwamankonyane.** Lesi yisifo esisulelana ngokocansi. Sidlulela kusuka enkunzini siye enkabini. Izinkunzi ezisulelekile azikwazi ukwelashwa, kanti-ke izinkabi zona zingahlanzwa ngokuba zehlukaniswe ezinkunzini izinyanga ezintathu. Izinkunzi ezisulelekile kumele zibulawe. Lokhu akwenzeki.

- **Akunazinkambu.** Yindawo yokulima lapho kungenamingcele, ngakho-ke umfama ofisa ukwehlukana izinkomo zakhe kulezo ezisulelekile angeke akwazi ukukwenza lokho ngenxa yendlela yamadlelo.

- **Izifo ezingalawulwanga.** Ukuhlolwa kwezinkabi akuphoqeleliwe kulezi zindawo ngakho-ke akwenziwa nhlobo. Lokhu kusho ukuthi isifo uma sikhona siyekelwa sisulele ezinye izinkomo ngobuningi bazo.

- **Ikhwalithi yezinkunzi.** Iningi lamafama awanazo izinkunzi ezithi wona, ngakho-ke lincike ezinkunzini ezizihambelayo nje ukuba zikhwele izinkabi zabo.

- **Akubonwa kwezifo.** Izinkabi ziyakhulelwa kepha imibungu idleka masinya, okusho ukuthi akubonakali kuchitheka kwesisu ngisho negazi imbala. Ngaphezu kwalokho izinkomo ezingazali zona zitholakala zisesimeni esihle sempilo kona okwenza amafama angabuboni ubungozi abhekene nabo.

- **Ukuswela ulwazi.** Iningi lamahhovisi abhekene noulashwa kwezilwane abhekana nezifo ezilawulekayo ezifana namarabi, ukuhushulwa kwesisu emvakokwesuleleka, njll. Ulwazi ngalesi sifo aluze lufinyelele kumafama.

Ngokubona kukaGrain SA ukumela izinkomo ukuba zidle izinsalela zesilimo sommbila ebusika kubalulekile njengokudla kwezinkomo kanye nenenzuzo kumafama ahlanganyele. Ngakho-ke izinkinga ngisho nanoma ngeziphizihlukumeza amafama asafufusa kumele zihlowe futhi zilungiswe.

Ngabe yini izixazululo na? Lapha uMnyango weZolimo kumele ubambe iqhaza ngezindlela ezilandelayo:

- Ngokuqeqesha amafama.
- Ngokumisa izingcingo zezinkambu zona ezizqinisekisa ukuthi izinkunzi ezisulelekile ziyahlukaniswa ezinkabini isikhathi sezinyanga ezintathu. Kumele balungise amadlelo ngendlela efanele.
- Ukuhlola izinkunzi ngazo zonke izikhathi futhi baqinisekise ukuthi izinkunzi ezisulelekile zibulawa ngendlela efanele ukunciphisa ukwanda kwalesi sifo.
- Kumele kulethwe izinkunzi ezimsulwa ukuze zingene esikheleni zalezi ezisulelekile.

**I-athikhili ibhalwe nguNaas Gouws, uMqondisi weSifunda, eBelfast, eMpumalanga. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-naas@grainsa.co.za.**

THIS PUBLICATION IS  
MADE POSSIBLE BY THE  
CONTRIBUTION OF  
THE MAIZE TRUST